# *AmaHeberu,*
# *Isahluko Sesibili* [1]

Bekulapha eklasini futhi kwajatshulelwa i... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi manje iNcwadi yokuqala yamaHeberu, nguPawulu, sitholile, noma siyakholwa. Ososayense bezenkolo basekugcineni; abazi nje ukuthi yikuphi, noma ubani owaYibhalayo. Kodwa, ngiyakholwa, noma ubani onokuncane ukubona okufihlakeleyo kukamoya ubengabona ukuthi kwakunguPawulu. Ku—kukholwa, yiningi lababhali, ukuthi uPawulu. Nokuthi ukanjani...

2 Esahlukweni 1, sithola ukuthi sasiphakamisa iNkosi uJesu. O, ukuthi wehlisa kanjani, ukukhombisa nge—ngesehlakalo ayekade enaso esendleleni yakhe ebheke eDamaseku. Manje, uPawulu wayenguye, okokuqala nje, usiyazi wezenkolo wangempela. UPawulu wafundiswa phansi kukaGamaliyeli, omunye wothisha ababedlula bonke bangalolosuku. Futhi wayekhaliphile futhi ehlakaniphile, futhi wayeyisifundiswa esikhulu ngempela seBhayibheli esihlakaniphise okweqili.

3 Ngase ngithola lokhu, ngenkathi esendleleni yakhe ebheke eDamaseku, nezincwadi ephaketheni lakhe, ukubopha bonke labo ababesendleleni yeVangeli elidala elibusisiweyo, nendoda yayiqotho. Kodwa, bengihlala njalo ngikholwa ukuthi selokhu uPawulu ebone uStefanu efa, ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi lokho kwamthinta ngqo. Ngenkathi evumela phezulu ekufeni kukaStefanu, futhi wabamba amabhantshi alabo ababemkhanda ngamatshe, khona–ke uPawulu wayenecala legazi likaStefanu. Futhi wahlambuluka, wayesethi, "Angifanele ngisho," wathi, "ngoba ngachitha igazi lowaKhe—lowaKhe, umfelukholo, uStefanu." Isizathu, wakufakazela.

4 Futhi uma ufakaza kunoma yini, unecala impela nje njengokuba ngumhlanganyeli wakho. Ngakho uma sifakaza, sithi, "O, yebo, bebengafanele benze lokhu, lokhu *okunje—kanje,* qaphela ukuthi uthini, ngoba unecala ngendlela ukwahlulela kwakho okuhamba ngayo. Uma ungenakunquma, ungasho lutho, kuyeke kanjalo nje. Bese kuthi uma ufakaza ukuthi ungumKristu, khona-ke unecala. Uyabo? Unecala lokuba ngumKristu, futhi ufanele uphile kulokho. Futhi uma uNkulunkulu enza i—isithembiso eBhayibhelini...ngibona indoda lapha esihlalweni esinamasondo. Uma uNkulunkulu enza isiThembiso, Unecala lalesosiThembiso ngaphandle uma ESifezekisa. UNkulunkulu unecala uma Enza isiThembiso.

NemiBhalo inecala ize Igcwaliseke. Niyabo? I—Ikhona lapho njenge—njengesitatimende uNkulunkulu asenzile. Futhi Sifanele sigcwaliseke kungenjalo uNkulunkulu unecala. Niyabo?

5 Futhi ngakho uPawulu, enguthisha, futhi eza ngendlela yakhe ehlela eDamaseku ngalolosuku, cishe, sesihambile cishe isikhathi sasemini, ngiyethemba. Kwabakhona ukuKhanya okukhulu okwakhanya kuvela emaZulwini, futhi Kwamphuphuthekisa, futhi wa—wawela emhlabathini. Futhi wathi wayefuna ukwazi ukuthi kwakunguBani. Wathi kwakhuluma iPhimbo, lase lithi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani?" Ngikholwa ukuthi isahluko 8 seZenzo.

Wathi, "Ubani Lo engimhluphayo?"

6 NePhimbo labuya, lase lithi, "NginguJesu." O! "NginguJesu, futhi kul'khuni kuwe ukukhahlela emeveni." Futhi wayeyini uJesu ngaleyonkathi na? UJesu, WayengukuKhanya, ukuKhanya okukhulu nje kukhanya kukhazimula.

7 Manje ukusikhuthaza futhi sithole izisekelo lapha. WayengukuKhanya kanjani, ngenkathi EnguMuntu na? Manje, akukho–muntu . . .

Kwakunesigejane samabutho enoPawulu, abalindi bethempeli, behla ukuyobopha. UPawulu wayeyinduna enkulu. Futhi babehla ukuyobopha labobantu, ngemikhankaso yabo kanjalonjalo, nangethemba labo lezenkolo elalilele phakathi kwabo.

8 Kodwa, manje, nangu uJesu owayenjengokuKhanya okukhulu. Manje, uma nikhumbula, ekuqaleni, uJesu wayengukuKhanya. UJesu wayeyiZwi–mcabango elaphuma kuNkulunkulu. Futhi Wayeyi . . . WayeyiNgelosi yesiVumelwano eyahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane. Futhi WayeyiNsika yoMlilo ababeyibheka. Futhi Waye . . . Futhi ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Ngakho uma Avela eNsikeni yoMlilo, wangena kuMuntu, manje–ke uma Abuyela lapho Ayekhona, Wabuyela ekuKhanyeni futhi. Futhi Wayelapho ngenkathi uPawulu eMbona, WayengukuKhanya.

9 Manje, onke lawomabutho elalinoPawulu awakubonanga ukuKhanya. Manje–ke kungenzeka yini ukuthi umuntu angaKubona nabanye bangeke baKubona na? Impela. Kulungile. Yena, uPawulu, waKubona, kodwa bonke abanye babo abakubonanga ukuKhanya.

10 Manje, ngenkathi uPetru esetilongweni, sithola ukuthi lokhu ukuKhanya kwangena ejele, kwavula iminyango. Futhi waye . . . Lokho kuKhanya kwaphuphuthekisa bonke abanye abalindi, lapho bephuma, uPetru ehamba. Futhi kwathi esefika emnyango, wavele nje wazivulekela, buthule, wavaleka emva kwakhe. Kusukela ejele elingaphakathi, waya emnyango

ongaphandle. Wazivulekela ngokwawo, wavaleka buthule. Wase-ke eya ensungubezini, waphuma wayongena emgwaqeni wasemzini. Wayesecikica amehlo akhe, sengathi uzothi, "Bengiphupha na?" Wayengazi ukuthi kwakukade kwenzekeni. Kodwa, iNgelosi yeNkosi, iNgelosi efanayo eyayiyiNsika yoMlilo eyahambisa uMose olwandle futhi yendlaleka, o, noLwandle oluFile . . . uLwandle oluBomvu lwakha izindonga macala omabili, noIsrayeli wedlula.

11 Futhi sebefika eJordani edla izindwani, AkaZenzanga wabonakala lapho. Kodwa Wayelapho, ngoba Wavele nje walivula. Base bewela ngoApreli, ngenkathi amathafa egcwele amanzi. Futhi Wamisa intwasahlobo, futhi Wamisa iqhwa ekuncibikaleni, ngoba alizange lakhe udonga luye phezulu naphezulu; lavele lama nje. Lowo nguJehova wethu. Leyo yiNkosi yethu uJesu. Lavele lama; base behamba bewela emhlabeni womile.

12 Manje, uNkulunkulu wethembisa ukuthi Wayezobanakekela, ngakho Wayebophezeleke esiThembisweni saKhe. Manje, uPawulu, eziqaphela lezizinto, futhi ezazi, wayenenhlanhla, ngoba uNkulunkulu wayekhuluma ngqo kuPawulu. Wayengakhulumi emabuthweni elalinaye. Wayekhuluma kuphela kuPawulu.

13 Manje, ngenkathi i—ngenkathi iNgelosi yeNkosi yehla, ngesimo senkanyezi; nabagqolozeli bezinkanyezi, izazi zaseNdiya, ngenkathi, zabona leyoNkanyezi zase ziYilandela amakhulu amamayela. Futhi yeqa zonke iziboniso zezulu, ngoba zazigcina isikhathi ngezinkanyezi. Futhi akekho owabona leyoNkanyezi kuphela izazi. O, he! Lokho akunixhuxhumisi yini? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

14 Manje-ke, niyabo, uNkulunkulu akasebenzani nezinhlangano. Akasebenzani namaqembu abantu. Usebenzana nabantu ngamunye. Uzembula Yena uqobo kubantu ngamunye. Futhi manje—manje ukusho lokhu, hhayi lokhu . . . uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami. Futhi kungesikho ukusho lokhu ngokuqondene nomuntu ngqo, udumo oluqondene nomuntu siqu sakhe, manje; ukuba lapho nje. Kodwa, benazi yini, ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo, lowoJesu ofanayo, unathi kulokhu ukusa na? Niyazi yini, ngamunye wenu unobuncane, ubufakazi bomuntu ngamunye bakho khona manje, ukuthi Yena ulapha na? Futhi u . . . Usenzele into ethize ngalolusuku Angayenzanga kwezinye izinsuku; UbenesiThombe saKhe esishuthiwe ngalolusuku. SinaSo silenga khona *lapho*. Niyabo? INsika yoMlilo, iNkosi uJesu ofanayo.

15 Bhekisisani ukuthi Usebenza kanjani manje. Uma EyiNkosi uJesu ofanayo, Uzokwenza izinto ezifanayo, ngokuba iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

16 Manje, ngaphambi kokuba uPawulu amemezele noma yini, noma lokhu kwakuqinisile noma kwakuyiphutha, kuqala wehlela eGibhithe wayesechitha iminyaka emithathu, ukuthola ukuthi kwakungokomBhalo yini noma qha. Senake nakwazi lokho na? Emva kokuphenduka kukaPawulu, waya eGibhithe iminyaka emithathu. Lapho wahlala, futhi yilapho afunda khona lokhu ukuhlakanipha okukhulu.

17 Manje, kungesikho–nhlobo noma yikuphi ukuqhathanisa, ngininika nje ukuthi uMoya oNgcwele usahlala kanjani efana. Manje, ibandla lami lapha liyakhumbula, eminyakeni eyadlulayo, ngenkathi leNgelosi yayibonakala futhi ikhombise izinto. Ngangimanqikangqika kancane ngaKho. Nonke niyakwazi lokho, nina zingwazi ezindala. Uma ni . . . Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, uma uzwile. Ya. Bukani, bukani ibandla, namanje, ezingwazini ezindala. Niyabo? Ngangimanqikanqika, ngoba abashumayeli bangitshela ukuthi KwakungokukaDeveli. Futhi ngathi ukukukholwa, kodwa ngalinda. Ngangingasho lutho ngaKho.

18 Kodwa, o, alibongwe iGama leNkosi! Ngobunye ubusuku, ngaleya, Iyehla, iNgelosi, yase Ikwembula emiBhalweni, ukuthi Yayiyiyo. Futhi ngenkathi ngiKubone emiBhalweni, bese kuba ukuqhumisa izwe lonke naKho, uMlayezo.

19 Kusukela lapho wahamba uOral Roberts, uA. A. Allen, uTommy Osborn, uTommy Hicks, nabanye. Niyabo? NguMlayezo oya kubantu.

20 NoJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade. KungokomBhalo, Uyafana. Wenza okufanayo. Uyafana. Futhi Usebenza ngokufanayo. UZibonakalisa ngokufanayo. Futhi Ulapha, kulokhu ukusa, ofanayo. Manje singaMbona; singembone. Noma ngabe kuyini, sinofakazi khona manje ukuthi Ulapha.

21 Manje, siyathola manje ukuthi, uPawulu, phezu kwalesisehlakalo, futhi ebhala lezizincwadi amaletha, iningi lazo, esejele, wayeqhathanise iTestamente eLidala neLisha. Manje khumbulani, umbhali wokugcina waleliBhayibheli, ngokuphefumulelwa, uNkulunkulu wehla wayesemtshela, "Uma noma yimuphi umuntu eyonezela noma yini kuLo noma asuse noma yini kuLo, naye uyakususwa eNcwadini yokuPhila, ngaye." Ngakho singelokothe senezele into eyodwa kuLo. O, Lifanele lihlale njengoba Linjalo, kufanele kungabikho noma yini enezelwa kuLo. Futhi sifanele silwele yonke into ekuLo. Angifuni lutho olungaphezulu, futhi angifuni lutho olungaphansi. Ngifuna nje lokho Elikushoyo.

22 Manje, leNcwadi yamaHeberu, isizathu ngiYikhethile; inhloso eyodwa, into eyodwa; lencwadi eyiletha, "Mfowethu Branham othandekayo," kanjalonjalo. Futhi, ngi—ngi, sifuna ukuhlala neZwi.

23 Manje, isahluko 1, sasiphakamisa uJesu, ngakho UngoMkhulu. NoPawulu wasazisa, ngobunye ubusuku, ukuthi Wayesekuqaleni okukhulu. Futhi sathola ukuthi Wayengengaphansi ngalutho kuno "Melkisedeki, iNkosi yaseSalema," oMkhulu wesahluko 7.

24 Futhi manje, kulokhu ukusa, sisondela kuYe ngesinye, esinye isimo sokubheka, kusukela esahlukweni 2. Manje, emva kokuba uPawulu esinika lo omkhulu, uMlayezo omangalisayo, wokuphakamisa uJesu, "Futhi wenza ngisho iziNgelosi ukuba ziMkhonze." Futhi ngiyacabanga, ngapha, njengenqubo ifanekisa endala, "Futhi Uyokugoqonga njengengubo, kodwa bayobhubha, kodwa Wena uyosala."

25 Futhi ngale esahlukweni 2, ivesi 2, ngikholwa ukuthi yikho, "Ngalemihla Ukhulume kithi ngeNdodana yaKhe." Futhi, bukani, "Wakhuluma endulo ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi ngabaprofethi." Saqhubeka futhi sathola ukuthi abaprofethi wayeyini, nokuthi uNkulunkulu wawuletha kanjani uMlayezo waKhe ngabaprofethi. "Kepha ngalomuhla wokuphela Ukhulume ngeNdodana yaKhe, uJesu, ngoMoya oNgcwele. Wakhuluma ngabaprofethi, ngaleyonkathi." Sase sibuyela emuva sase sithola, bonke labobaprofethi babenoMoya kaKristu kubo.

26 Sabuyela emuva kuJosefa futhi sathola ukuthi wayefanekisa uKristu ngokuphelele. Sabuyela kuMose futhi sathola ukuthi wayefanekisa uKristu ngokupheleleyo. Sesehlela–ke ngisho nakuDavide. Futhi ngenkathi uDavide enqatshwa eJerusalema, engazi ukuthi kungani, kodwa wenyukela ngale kwegquma wayesebuka emuva, eNtabeni yemiNqumo, wayeselikhalela izinyembezi iJerusalema ngoba wenqatshwa. Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kusukela ngaleyonkathi, iNdodana kaDavide yenqatshwa njengeNkosi, eJerusalema, yase ihlala egqumeni elifanayo futhi yakhala izinyembezi. O, uMoya kaKristu, usebenzana nabantu ngamunye!

27 Manje, uPawulu usuka aqale, ngokuba athi:

*Ngalokho kakhulu nga siqaphelisisa esikuzwileyo, . . .*

28 Isahluko 2, manje, siyaqala.

*Ngalokho kakhulu nga siqaphelisisa esikuzwileyo, funa mhlawumbe Sikhukhulwe.*

29 O, kwangathi uNkulunkulu angakushayela lokho kungene kulelitabernakele kulokhu ukusa. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzokuzikisa lokho kujule kakhulu ezinhliziyweni zenu. "Sifanele ukuthi nga siqaphela kakhulu kwesikuzwileyo." Ukuthi hlobo luni lwabantu esifanele ukuba yilo, uma sibona uJehova omkhulu ehla futhi enza izinto Azenzayo, futhi sizibone ziqhathaniseka, umBhalo ngomBhalo, ukuthi iyiQiniso na? Futhi sihlala sizungeze ngezinye izikhathi njengezinsumpa ogodweni, futhi nje sibe ngabanganakiyo kakhulu. Besifanele

sibe matasatasa, ngayo yonke imizuzu, sizama ukuthola abantu baye kuKristu. Besifanele sibe ngamatshe aphilileyo. Asifanele neze sibe buthuntu njengoba sinjalo. Sizokwenyukela ebandleni, futhi sizobona iNkosi uJesu enza into ethize, noma—noma isibusise kakhulu impela, sizobe–ke—sizobuya siphume futhi sithi, "Umhlangano omuhle kakhulu."

30 Manje, ukushunyayelwa kweZwi, siyalijabulela, kodwa leyo akusiyona into enkulu. Leyo akusiyo. Asifanele sikhonze iNkosi emva kokuba nje sesiqedile ukushumayela iZwi, njengoba ngokuvamile senza, nje siYikhonze. Lokho kuyamangalisa. Kodwa sifanele siYikhonze mahora onke empilo yethu. Uma sisemsebenzini, sifanele siYikhonze. Ngaso sonke isikhathi uma ithuba lizethula, khonzani iNkosi ngokufakaza ngaYo.

Uma nibona, abanye benu manenekazi, nibona owesifazane esephutheni, khonzani iNkosi ngokumthatha bese nithi, "Dade, kunempilo engcono kunale."

31 Nina besilisa emsebenzini wenu, uma nizwa owesilisa esebenzisa iGama leNkosi ngeze, tholani ithuba eceleni bese nithi nyelele ngale, bese niyibamba ngesandla, bese nithi, "Wena, kunempilo engcono kunale. Awufanele usebenzise lawomazwi." Bese nimtshela ngethobile, indlela emnene. Zonke lezozinto zingukukhonza.

Futhi uma sibona umuntu ogulayo, nodokotela athi akusekho okungabe kusenziwa, sifanele sikhonze iNkosi ngokubatshela, "Kukhona uNkulunkulu waseZulwini ophendula umkhuleko."

32 Bese kuthi-ke uma sibona lezozinto zenzeka, esizibona zenzeka ngokwenele, asifanele neze siyeke lezizinto zikhukhuleke. Sikuyeka nje kwedlule eminweni yethu. Yileyo indaba ngebandla elikhulu lePentecostal namhlanje. Badedele lona impela unqambothi lukhukhuleke eminweni yabo, ngenkathi benalo ezandleni zabo. Kodwa, bukani ukuthi benzeni, benze njengawo onke amanye amabandla. "Bagijimele enzuzweni, ngendlela kaKora, futhi babhubha; nendlela kaKayini, futhi babhubha ekuphikeni kukaKora."

33 Bahlelile. Esikhundleni sokuba nobuzalwane lapho sonke ebesingaba munye, bazihlele bona. Benza izinhlangano ezincane nezijobelelo ezincane, zase zivumbuka kusukela lapho futhi nje zabhidliza ubuzalwane. Futhi uma ningabhekisisi, iBaptisti namaPresbyterian azokucosha, ngoba, "UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Futhi si—sikuyeke kwakhukhuleka ezandleni ngokuthi sibe nhlakanhlaka.

34 Alahlekelwa kanjani amaNdiya yilelizwe laya kumlungu na? Yingoba ayenhlakanhlaka. Ukuba ayenze eyodwa enkulu indawo yangaphambili . . . Kodwa ayelwa phakathi kwawo

odwa. Ayeyozibamba izinkundla zawo ukuba onke ayehlangane ndawonye.

35 Sizolahlekelwa kanjani yilo na? Ngoba sinhlakanhlaka. Silahlekelwa kanjani yisehlakalo sethu noNkulunkulu, yingoba siba nhlakanhlaka. Simisa elilodwa, bese sibiza *leli* nge—ngeMethodisti, na*leli* ngeBaptisti, na*leli* ngeAssemblies, na*leli* ngeOneness, na*leli* nge*nye into,* nechurch of God, neNazaretha, aboHambo oluNgcwele. Siwenza ube nhlakanhlaka uMzimba kaKristu. Asifanele neze sehlukaniswe. Singehluka emibonweni, kodwa masibe ngabazalwane abanhliziyonye. UNkulunkulu ufuna sibe njalo. Wafela lonke iBandla likaNkulunkulu. Futhi asifuni ukuba nhlakanhlaka.

> Manje *kakhulu nga siqaphelisisa . . . funa mhlawumbe sikhukhulwe.*
>
> *Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi aqiniseka, . . .*

36 NiyaLizwa na? "Uma izwi elakhulunywa ngezingelosi . . ." Manje, *ingelosi* yisi "thunywa." Igama elithi *ingelosi* lisho isi "thunywa." Futhi sisanda kuqeda nje, encwadini 1 lapha, "UNkulunkulu, endulo wakhuluma kobaba ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ngabaprofethi." Leso kwakuyizithunywa zikaNkulunkulu. Futhi zazi—zaziyizithunywa zikaNkulunkulu. Zaziyizingelosi zikaNkulunkulu. Isithunywa yingelosi; noma ingelosi yisithunywa, njalo.

37 Isithunywa! Uyisithunywa, kulokhu ukusa. Uyi . . . Uyisithunywa sezindaba ezinhle noma isithunywa sezindaba ezimbi. O, akukuhle yini, ukwazi ukuthi singamanxusa, ukuthi siyizingelosi, izithunywa zokuvuka na? Futhi siyizithunywa zikaNkulunkulu ezweni elinesono, ukuthi uKristu uyaphila. Ezinhliziyweni zethu, Uyaphila. Emimoyeni yethu, Uyaphila. Futhi Usiletha esisusa empilweni ezitika ngemikhuba emibi ephansi yesono, bese eyasiphakamisa, bese esinika u "haleluya" emphefumulweni wethu, bese esenza izidalwa ezintsha. Siyizithunywa, izingelosi zesiVumelwano. Kumangalisa kanjani nje!

38 Futhi manje, eTestamenteni eLidala, "Uma—uma izwi elakhulunywa ngezingelosi aqiniseka," ngaleyondlela lalifanele libe yiqiniso. ETestamenteni eLidala, ngaphambi kokuba izwi lomprofethi libonakaliswe, lalifanele lihlolwe futhi lifakazelwe. Babengaxegi ngalo, njengoba sinjalo namhlanje.

39 Uphume nje futhi ube nanoma yiluphi uhlobo lwedlingozi, kumbe noma yini enye, "O, udumo kuNkulunkulu, yilokho–ke!" Uyaphaphalaza.

IBhayibheli lasho, ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina, uDeveli uyozifanisa nobuKristu, asondele kakhulu, kuyoze kudukise

nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Kunjalo. Ngakho, sifanele sikuhlole.

40 Futhi babekuhlola kanjani ngosuku lwabo na? KwiUrimi Thumimi. Isivikelo sesifuba sika–Aroni, esasinalawomatshe kuso: ikarbankle, ijaspi, idayimane, irubi, isafire. Onke lawomatshe, amele ukuzalwa kwalaba okhokho abayishumi nambili, kwakusesivikelweni sesifuba sika–Aroni. Futhi nxa umprofethi eprofethile, nalokho kuKhanya okungcwele kwabanika phezu kwaso, uNkulunkulu wayethi, "Lelo yiQiniso." Kodwa, akunandaba ukuthi kwakubukeka kuyikho ngempela kanjani, uma kwakungabanekanga kulokho, kwakungesilo iQiniso. Ngakho, leyoUrimi Thumimi yahamba nalobobupristi.

41 Kodwa leliBhayibheli liyiUrimi Thumimi kaNkulunkulu namhlanje. Futhi nxa umprofethi eprofetha, kufanele ngokoqobo kubaneke eBhayibhelini. Bese–ke, uNkulunkulu uthi, bese Ehla futhi a Kufakazele.

42 O, ngingamdumisa kakhulu kanjani uNkulunkulu namhlanje! Ngicabanga emuva ngelinye iSonto ekuseni, elithi alibe njengaleli, ngenkathi ngangisuka etabernakele. Nani bantu nanikhala izinyembezi futhi ningicela ukuba ngingahambi. Kodwa, ngenkathi, ngashumayela ngoDavide noGoliyate, nokuthi uzobhekana kanjani nalelo elibandayo, izwe elinganaki elithi zinsuku zezimangaliso selwedlule.

43 Ngathi, "Kukhona esikhulu isiqhwaga esisodwa, futhi siyothi nje singasibulala, abaningi babo bayoba nesibindi." NeNkosi yasipha lokho. Kwase-ke kubakhona uOral Roberts noJaggers, kanjalonjalo, sahosha iNkemba, futhi salwa nesitha sasikhipha ezweni, savala imilomo yazo. Zingeke zathi izimangaliso azenzeki, ngoba nazi. Impela. IZwi likaNkulunkulu liPhakade. Labaneka kwiUrimi. Labaneka eZwini, leyo yiUrimi Thumimi yaKhe. Futhi ngenkathi libaneka kuLokho, kwakungokuvumayo.

Futhi kunoma yimuphi umuntu odingayo, uma uyisoni, ufuna ukwazi ukuthi ungasindiswa kanjani, "Kholwa yiNkosi uJesu Kristu."

44 Namhlanje, sinezinto eziningi kakhulu ofanele uzenze. "Uzofanele uqale impilo entsha. Uzofanele wenze *lokhu* futhi wenze *lokho,* ukuze uthole ukusindiswa."

Ngicabanga ngojele waseFiliphu, ngenkathi lojele ebuza uPawulu, "Ngifanele ngenzeni ukuze ngisindiswe na?"

Ukuba kwakukade kunguwe noma yimina, sasiyomtshela izinto aye*nga*fanele azenze. "Ufanele uyeke ukuphuza. Ufanele uyeke ukugembula, ukugembula kwakho. "Ufanele uyeke *lokhu. U*fanale uyeke *lokho*."

UPawulu akazange amtshele lokho. Wavele wamtshela nje izinto aye*fanele* azenze. "Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, futhi uzakusindiswa."

45 Manje, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okungunaphakade." Leyo yiUrimi Thumimi ibaneka, uJohane oNgcwele 5:24. "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu." UJakobe 5:14, "Makabize amalunga, agcobe ngamafutha, umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." IUrimi ibaneka. Niyabo? Lelo yiZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

46 Angikhathali ukuthi kungaki ukungakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu, ukuphikinkolo, abangeneliswa ukuthi uNkulunkulu ukhona, abanqikazi abavukayo. UNkulunkulu uyoma ngeZwi laKhe. Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

47 "Futhi ngasiqaphelisisa kulokhu esikuzwileyo, funa mhlawumbe sikhukhulwe. Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi (abaprofethi) aqiniseka . . . " Aqiniseka na? Besingachitha iviki kulokhu.

48 Ngabe laqiniseka ngenkathi uMose ekhuluma na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela laqiniseka.

Kuthiwani-ke ngoElija, ehlezi phezulu esiqongweni sentaba na? INkosi yamtshela, "Yenyukela lapho, Elija. Ngiyohlala lapho nawe; ngifuna inhlanganyelo." UNkulunkulu uthanda ukuhlanganyela nabantu baKhe. Kodwa asimi sithule isikhathi eside ngokwenele ngaYe ukuhlanganyela nathi. Simatasatasa kakhulu silokhu sishaya ingqabeshu, sisuka endaweni siya endaweni, nokuningi kakhulu. "Hlala uthule, Elija."Wayefuna iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha yenhlanganyelo. Asikwazi nokuMnika imizuzu emithathu, kul'khuni. Iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha zenhlanganyelo yanjalonjalo. O, ngiyakuthanda lokho! Wathi, "Ungakhathazeki ngokupheka; sizoba nakho lokho sekuvele kulungisiwe. Amagwababa lizokondla. Nayo yonke into izolunga. Ngifuna inhlanganyelo nje." Lomprofethi omdala, uElija, ehlezi phezulu lapho esiqongweni sentaba.

Ngenkathi esahlanganyela noNkulunkulu, ngani, induna yathi, "Ngikholwa ukuthi ngizokwenyuka ngimlande." Manje, ungalokothi uzame ukwephula leyonhlanganyelo.

49 Ngakho, induna iyenyuka, nempi yayo enkulu yamadoda, yamashumi amahlanu. Yayisithi, "Ngi—ngi—ngizokulanda, Elija."

50 NoElija wasukuma. Bhekisisa, nangu umprofethi weNkosi! Wathi, "Uma ngiyinceku yeNkosi, makwehle umlilo uvele ezulwini futhi unigwinye." Futhi washo wehla umlilo. Induna yathi . . .

51 "O, uyazi ukuthini?" Inkosi, njalo, yathi, "Lokho cishe bekungu—ngukushaya konyazi, umbani othize nje wedlula ngaphezulu nje, wase ubashaya. Ngizothumela amanye amashumi amahlanu."

52 UElija wasukuma, enye yezingelosi. Izwi lakhe liyaqiniseka. Wayefanele abe ngukuphindiselwa okufaneleyo kwakho konke okwakwenziwe ngokungafanele. Wathi, "Uma ngiyinceku yeNkosi, makwehle umlilo." Namashumi amahlanu esibili asha. Kulungile. Konke ukuphindiselwa!

> *Ngokuba uma izwi elakhulunywa ngezingelosi laqiniseka, nakho konke ukuphambuka nokungalaleli kwaphindiselwa ngokufaneleyo . . .*

53 Manje, nansi into enkulu, ivesi elilandelayo.

> *Thina siyakuphunyuka kanjani, . . .*

54 "Thina siyakuphunyuka kanjani?" Uma iphimbo likaElija laletha imbubhiso, ngoba wayeyingelosi yeNkosi, thina siyakuphunyuka kanjani nxa iPhimbo likaKristu likhuluma ledlule na? Noma, singehluleka kanjani nxa ukhulekelwa, uma KuyiPhimbo likaKristu na? Uma uKristu agcoba iBandla laKhe ukuba likhulekele abagulayo, neBandla lenza lokho Athi U . . . ukuba bona bakwenze, manje–ke Lingake lize lehluleke kanjani na? Lingeke. Wena ungehluleka, kodwa lona Lingeke lehluleka. Futhi inqobo nje uma uLigcina, Liyokuthatha likwedlulise.

55 Uma wehluleka, uzehlulekele wena. Usukile nje eZwini. Kodwa inqobo nje uma uhlala neZwi, Lingeke lehluleka. Ngokuba izwi labaprofethi lenza *ukuthi–nokuthi,* liyokwenza okukhulu kangakanani–ke iZwi likaKristu na?

> *Thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na; okungukuthi okwakhulunywa kuqala kithi yiNkosi, kwaqiniswa kithina yilabo abamuzwayo;*

56 KuCabangeni, kwakhulunywa yiNkosi. Zingaki izikhathi ebesingabuyela emuva na? Besingama kuphi, khona lapha ihora na? Ngenkathi uJesu efika, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

57 Manje, khumbulani, kuqala kuqala ukukhulunywa nguJesu, uqobo lwaKhe, kwase–ke kuqiniswa yilabo abaMzwayo. Manje Mlaleleni.

58 Ngenkathi Efika emhlabeni, Akazishongo ukuthi ungumphilisi. Wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi; NguBaba waMi ohlala kimi. Wenza imisebenzi. INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uBaba ekwenza," uJohane oNgcwele 5:19.

59 Bhekisisani ngenkathi uFiliphu efika kuYe. UNatanayeli . . . Emva kokuphenduka kukaFiliphu, waya ngale wayesethola uNatanayeli. Wathi, "Woza, ubone Esimfumene: uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

60 Wayesethi, "Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?"

61 Wathi, "Woza, ubone." Yileyondlela yokukholiseka: Kufakazise. Woza ubone. O, lokho ngokwedlula konke engake ngakuzwa. Woza uzitholele wena. Ungami uthi qekelele bese ugxeka kulayini oseceleni. Kodwa, "Vivinya konke, bese ubambelela kulokho okulungileyo." Woza ubone.

62 Bahamba njalo ngendlela bexoxa. Ngenkathi ehamba enyukela ebukhoneni beNkosi uJesu, Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho–nkohliso kuye."

63 Kwakhipha sonke isikhumba kuye, cishe. Waqalaza, wathi, "Awu, Rabi, Wake waze wangazi nini na? Awuzange ungibone. Ungazi kanjani na?" UFiliphu wathi . . .

64 "Ngaphambi, ngenkathi ebiza . . . " Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, izolo, ngenkathi uphansi komkhiwane, Ngakubona." Amen.

65 Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. UyiNkosi kaIsrayeli."

66 Owesifazane waya eBukhoneni baKhe, Wayesethi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

67 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho. Ukhulume iqiniso." Kucabangeni.

68 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Ukuthi, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika Uyakusitshela konke."

69 Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

70 Wayesegijima wayesetshela amadoda omuzi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele konke engikwenzile. Kungebe nguMesiya lona na?" Kwakhulunywa yiNkosi.

71 Kwenzekani na? UJesu wathi, ngaphambi kokuba Ahambe, "Izinto engizenzayo Mina, niyakuba njalo nani." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Izinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza, nezininingi kunale, ngokuba Mina ngiya kuBaba." O, sengiyababona beqhubeka, ndawo zonke. UMarku 16, "Baqhubekela ndawo zonke, beshumayela; iNkosi isebenza nabo, iqinisa iZwi."

Futhi lapha, uPawulu, enikeza into efanayo. Washo ukuthi i—iVangeli liqala ukushunyayelwa nguJesu, futhi laqiniswa kithi yilabo abaMzwayo. Lelo yiTshe eliyisiSekelo. O, malibusiswe iGama leNkosi! Lelo yiTshe eliyisiSekelo.

72 Nokucabanga, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili usudlule. Abangakholwa ukuthi uNkulunkulu ukhona bavukile, nabaphikinkolo, nabanqikazi, nabangeneliswa ukuthi uNkulunkulu ukhona. Kodwa, namhlanje, lowoJesu ofanayo uqinisa iZwi laKhe ngendlela efanayo ngalabo abaMzwayo.

"Yizweni," akusho nje ukuzwa intshumayelo. Lokho kusho, ukuzwa *Yena*. Yebo.

73 Siyakuphunyuka kanjani na? Kuphi ukuphunyuka kwethu na? O, wena uthi, "Akabusiswe uNkulunkulu, ngisonta ebandleni leMethodisti. NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal." Lokho akuhlangene nakancane naLo. Futhi ungena olayinini oseceleni futhi ufuna ukuLibiza nge "mimoya yabangasekho, noma okuthize ukufunda umqondo womuntu, noma omunye udeveli," noma yinto ethize. Ngiyabadabukela!

74 "Uma lonke izwi laqiniswa ngezingelosi . . ." UJesu wathi, "Aku . . . Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, nina niyakuNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka." Futhi uma siMbona ehla, ukuba aqhubeke nokuqinisa iZwi laKhe, siyakuphunyuka kanjani uma sincela kwelinye ibandla, noma enye inhlangano, noma ihlelo, noma esinye isichasiselo esincane esitotosayo esibonwa ngukucabanga komuntu nje sethu uqobo na? Kungcono uqaqeke. "Ngokuba sonke isono saphindiselwa ngokufaneleyo phansi kwezingelosi, kakhulu kangakanani nxa iNdodana kaNkulunkulu ikhuluma isemaZulwini, ukubonakalisa iZwi laYo! Siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na?" O, he! "UNkulunkulu futhi . . ."

Ivesi 4:

*UNkulunkulu efakaza kanye nabo, . . .*

75 Bhekisisani lokhu. INkosi yafakaza. O, ngijabula kakhulu ngalokho! INkosi ifakaza.

76 Bukani. Ngenkathi uElija ehlala egqumeni, wayesethi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo uvela eZulwini futhi uniqothule." UNkulunkulu wafakaza ukuthi *wa*yengumuntu kaNkulunkulu.

UNkulunkulu njalo uyafakaza. Impilo yakho iyofakaza. Angazi ukuthi ubufakazi bakho buyini, kodwa impilo yakho izwakala kakhulu, iphimbo lakho alizwakali. Kodwa, ukuphila kwakho—kwakho, impilo yakho yansuku–zonke iyofakaza oyikho. UNkulunkulu uyafakaza. Yebo. UMoya oNgcwele uluphawu, nophawu luthatha amacala omabili ephepha. Bakubona umi *lapha* futhi bakubone uma uhamba. Hhayi kuphela ebandleni kodwa emsebenzini wansuku zonke. Ubekwe uphawu macala omabili, ngaphakathi nangaphandle. Ngokujabula onakho, nangempilo oyiphilayo, ubekwe uphawu, ngaphakathi nangaphandle, ukuthi uyazi ukuthi usindisiwe nezwe liyazi ukuthi usindisiwe, ngempilo oyiphilayo, ngokuba uNkulunkulu uyafakaza. Malibusiswe iGama laKhe eliNgcwele! He, ngizizwa ngigcwala ukholo!

77 Kucabangeni, bazalwane, lapho. O! "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, nomfokazi azisoze zamlandela." O, ukuthi amagama ethu akanjani sezintendeni zezandla zaKhe!

Kuphambi kwaKhe, imini nobusuku. IZwi laKhe njalo liphambi kwaKhe, isiThembiso saKhe. Angeke asikhohlwe. Futhi Uyanithanda.

78 Manje, Uyofakaza ngokwaKhe uqobo. Awuwuvuli umlomo wakho bese usho izwi, izwe liyokwazi ukuthi kukhona into eyenzekile kuwe.

> *. . .fakaza, ngezibonakaliso nangezimangaliso, nangemisebenzi yamandla eyizinhlobonhlobo, nangokwabelwa kukaMoya oNgcwele, ngokwentando yakhe?*

79 Asithathe umBhalo owodwa nje manje ngaphambi kokuba sivale; ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi bemukela uMoya oNgcwele. Cishe ezinsukwini ezine kamuva, uPetru wayedlule ngasesangweni elithiwa ngeLihle; yena noJohane. Bathi, "Sibheke," endodeni. Wayesethi, "Isiliva negolide anginalo, kepha lokho enginakho ngizokupha khona. EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma uhambe." Nendoda yabheka phezulu futhi ayangabuza lutho neze ngakho. Yavele yasukuma nje yase ihamba ihamba ngezinyawo. Babengafundile futhi beyimifunda nje. Kodwa iBhayibheli lathi, "Babaqaphela, ngokuba babazi ukuthi babekade benoJesu."

80 Mfowethu, uma izwe lazi ukuthi kade unoJesu, uma ungaphila impilo ngempela emsulwa kulelizwe lamanje nakulobubumnyama, ukuthi izwe liyazi futhi lingabona ukuthi kade unoJesu; uma esimahlikihliki, isifebe esidala esinobunja sasemgwaqeni singaba yinenekazi, sigezwe eGazini leWundlu; uNkulunkulu uyafakaza ukuthi Uyaphila.

81 Thatha isidakwa, esiphansi kakhulu esiyozulazula kumkaso, esiyophatha kabi abantwana baso, futhi sithathe ukudla etafuleni, ukuba sikuchithele esifebeni. Ake sibe noJesu kanye. Uyosibona sibuya, njengoLegiyona, owayeseswambulukile futhi esembethe, ezinganeni zakhe nakumkakhe nakwabathandiweyo bakhe. Impela.

82 Ngesinye isikhathi esedlule, cishe eminyakeni engamashumi amane edlule, ngenkathi izinkolo zomhlaba zihlangana, nabehlukene basukuma base bekhuluma. NokaMohamede wakhulumela inkolo kaMohamede. AmaJeyini akhulumela amaJeyini; okaBhuda wakhulumela uBhuda. Nodokotela omncane, ngiyasikhohlwa isibongo sakhe ukuthi wayengowakwabani, ngalesisikhathi nje. Ngangilazi igama lakhe, kodwa sengilikhohliwe. Wakhuluma ukuba amele ubuKristu. Futhi waxoxa indaba kaLady Maccabee waseOklahoma, eMelika.

Owesifazane wayeziphethe kabi kakhulu futhi ephansi kakhulu impela, kwaze kwathi ngisho sebeyombulala, babengenakubeka ngisho nezandla zabo kuye, wayenobunja kabi nokwenyanyeka. Babembophele icala: ebhema isigazu;

eshayela ikalishi elidonswa amahhashi aphumuzanayo; wayesephula i—i—imithetho, amarekhode eOklahoma, ngenkathi edlula emgwaqeni, eqhuba umhlambi wamahhashi amane. Futhi wayenyanyeka futhi engcolile kwaze kwathi umphakathi wawungayi nangalapho engakhona; kakhulu impela, kwaze kwathi ngenkathi ababulali ngokomthetho wayezombulala ngokomthetho, abamlengisanga. Bavele bamthela ngetiyela nezimpaphe, ukuba bambulale.

Futhi ngenkathi lomshumayeli omncane enikeza indaba yakhe owesifazane, ngalendlela ngangokuthi, waze waba nabantu behlezi ekugcineni kwezihlalo zabo, belalele ukuthi kwakuzoba yini elandelayo. Ngenkathi esehlela kulokho: enyanyeka ngempela, engcolile, ephansi kakhulu, ngangokuthi imithetho yayingafuni ngisho nokuzilulaza ngaye, wayephansi kakhulu. Yena impela uDeveli esihogweni wayengamenqaba umuntu onjalo, cishe, indlela ayixoxa ngayo indaba. Wayesethi–ke, "Banumzane abahloniphekile, bezinkolo zomhlaba, ngabe inkolo yenu inakho obekungahlanza izandla zikaLady Maccabee na?"

83 Wonke umuntu wahlala wathula du. Wayeseshaya ihlombe–ke, wayesegxuma eya phezulu emoyeni. Wathi, "Udumo kuNkulunkulu! IGazi likaJesu Kristu ngeke lahlanza izandla zakhe kuphela, kodwa Liyohlanza inhliziyo yakhe futhi limenze abe nguMlobokazi waKhe." Ngiyanitshela:

> Umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka,
> Owasindisa olusizi njengami!
> Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
> Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.
>
> Ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
> Kwakungumusa owakhulula ukwesaba kwami;
> Lowomusa wabonakala uligugu elikhulu
> Ngehora engaqala ukukholwa ngalo!

84 Impela. "Siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela okunjalo na?" Udebesela ukudla, uzofa. Udebesela ukujika ikhona, uzoba nesiphihli sengozi. Udebesela ukusenga inkomazi, izosha ubisi. Udebesela amazinyo akho, uzodingeka uwakhiphe onke. Impela. Uyahlawula ngokudebesela kwakho.

85 O Tabernakele likaBranham nani zivakashi, ake nginitshele enye into manje. Udebesela ukufakaza ngenkazimulo kaNkulunkulu, udebesela ukunika uNkulunkulu udumo nenkazimulo, uzozithola usubanda, usugcina umthetho ngamehlo nje, futhi usuhlubukile, ngolunye lwalezizinsuku.

Nika uNkulunkulu udumo. "Siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na?"

86 Isikhathi siyabaleka. Kwenzekile nje ngaqaphela, uMfowethu Toms ubehambe ngemuva lapho. Sizovala bese siqhuba lokhu kulobubusuku, iNkosi ithanda.

Asikhuleke umzuzwana nje.

87 Baba wethu waseZulwini, kuWe makube yizibusiso, nezindumiso, nodumo, nenkazimulo, nokuhlakanipha, namandla, negunya, kuze kube–phakade naphakade. O, kuleloWundlu elahlala esiHlalweni sobukhosi, ubukhosi nemibuso nayo yonke into yanikelwa esandleni saLo. Ngenkathi livuka kwabafileyo, ngokulungisiswa kwethu, Lamemeza kakhulu ezweni, "Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe esandleni saMi. Hambani, ngalokho, niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli."

> O Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho eliligugu
> Alisoze laphela amandla aLo,
> Lize lithi lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe
> Lisindiswe, ukuba lingabe lisona.

88 Sisize, njengabefundisi, ukuba sibone ukuthi sidinga okukhulu kangaka; ukuthi sifanele kanjani sibe nebandla, sifanele sibe na*lokhu*, sifanele sibe nakho konke.

89 Abesifazane bakithi, ngaphambi kokuba baye enkonzweni, osazibiza ngamaKristu, bazodingeka babe nohlobo oluthize lwengubo, noma bazodingeka bagqoke ingubo ependwe ngokubhecwa kakhulu.

Nabashumayeli bayodingeka babe nemali engaka ngaphambi kokuba beze, nayo yonke into izofanele ibe *ukuthi–nokuthi*.

90 O Kristu, ngenkathi ngifunda lapha, "Ukuthi bazulazula kanjani, bembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbuzi, behlala emiphandwini yomhlaba, nemigede." Bazulazula, phansi kokuhlushwa okwenyanyekayo, futhi, nokho, bathola ukuKholwa, phansi kwenkonzo yezingelosi. Siyakuphunyuka kanjani, lapho iNkosi uJesu isiphe amakhaya amahle, nezimoto, nezingubo, nokudla na? Futhi siyakhonona. Sihlala sizungeze. Siyavilapha. Asizami neze ukuphuma futhi senze okuthize ngakho. Siyakuphunyuka kanjani, Nkulunkulu na?

91 O, ngikhulekela ukuthi uzovuthisa ukuhlabeka okuyifeshini endala kuzo zonke izinhliziyo, kulokhu ukusa, Nkosi, ukuze abantu baphakame futhi babekukho. Masisebenze ukukhanya kwasemini kusakhanya, ngoba ilanga liyashona masinyane. Nempucuko iyamuka, futhi isikhathi asisayikubakhona. Siyoxubana singene ePhakadeni.

92 O Nkulunkulu, yipha namhlanje ukuba sihambe nombono omusha, nokuhlakanipha, nokuqonda, ukwazi ukuthi sisondele kanjani ezonini futhi sizilethe kuKristu. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho, Nkosi.

93 Ngiyacela, uma engabakhona lapha, ongamazi uKristu njengoMsindisi wabo, ungasiphakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham na"? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule. Ngifuna ukuba ngumKristu. Angifuni ukuba ngibe ngisakudebesela"? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane. Omunye futhi na? Uthi, "Ngifuna ukuphakamisa isandla sami, Mfowethu Branham. Futhi ngifuna ukwemukela uKristu, njengoMsindisi wami, ngidebeselile, sonke isikhathi. O, ngiya esontweni, impela, ngiyasonta."

